**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUKHUNJULWA KWELUNGU LESISHAYAMTHETHO UMFU CJ MTHETHWA MHLAKA 18 SEPTEMBER 2010.**

**Ngiyanibingelela Nonke**

Mangiqale ngokudlulisa ukuxolisa kukaNdunankulu uKhabazela obenesifiso sokuba yingxenye yalo mcimbi kodwa ngenxa yemisebenzi eminingi edinga yena kuleli sonto akakwazanga ukuphumelela.

Ngethemba ukuthi sizovumelana sonke ukuthi usuku olunjengalolu lwanamhlanje kusuke kungelona olwezinkulumo. Kusuke kungolokuthi labo abathole ithuba lokuzobungaza badle lokho abaphiwa kona babonge. Kodwa-ke futhi ngeke sikubalekele ukuthi uma kukhunjulwa izinsizwa ezinjengoNyambose kuyohlale kukhona ukubeka amagama kulabo ababeyibambe naye.

Yingakho-ke nami kuthe uma uKhabazela ecela ukuba nami ngishiye eminye imisebenzi nayo ebibalulekile namhlanje, ngathi kulungile nami ngizofakaza ukuthi cha namhlanje umndeni wakwaMthethwa ukhumbula indoda emadodeni. Ngikusho lokhu ngoba ngingomunye obeyibambe naye ubaba uNyambose ngiwazi kahle amagalelo akhe.

Sonke siyawazi umlando esiqhamuka kuwona kulesi fundazwe. Umlando okungekho noyedwa wethu ongaziqhenya ngawo. Noma ngabe wawubambe iqhaza noma awulibamba kuleso simo, kodwa izwi lilodwa manje lithi asifisi ukubuyela kulezo zikhathi.

Uma sithi asifuni ukubuyela kulezo zikhathi sisho ngoba sesakwazi ukudlula kuzona sabona enye impilo engcono. Yiyona le mpilo engcono okumele sibonge ngayo abantu abafana nobaba uNyambose ababa negalelo elikhulu ekutheni kube nokuthula esifundazweni ukuze kwakhiwe isizwe kuqiniswe intando yeningi.

Namhlanje sesikwazi ukuthi ebuholini be-ANC KwaZulu-Natal sibe yingxenye yomcimbi wokukhumbula omunye wabaholi ababenohlonze kwi-IFP kulesi fundazwe. Ngubani owayengacabanga ukuthi singafika lapho ngezikhathi zakudala. Kuyacaca ukuthi sesibhala umlando omusha manje ngenxa yamagalelo abantu abafana noNyambose.

Sesibhala umlando omusha manje othi ekugcineni isimo sezepolitiki esifundazweni sethu sesiguqukile sasuka kwipolitiki yokubhekana ngeziqu zamehlo nodlame saya kwipolitiki yokukhulumisana, ukuhloniphana nokubambisana. Lokhu sikubona nangendlela osekuqhubeka ngayo izinkulumo-mpikiswano eSishayamthetho sethu kulezi zinsuku.

Manje ubani-ke ongathi uma uyi-ANC akumele uwaqhakambise amagalelo omuntu we-IFP uma ukwenza kwakhe kuholele ekutheni sikwazi ukufezekisa umgomo wethu wokuletha impilo engcono kubantu. Mhlambe osekusisalele manje ngukuthi thina esisaphila siqhubeke nokugqugquzela umoya wokusebenzisana phakathi kwamaqembu ezepolikiti.

Lokhu kudingeka kusebenze kakhulu nasezingeni lomasipala lapho sisathola imikhandlu eyahlukene KwaZulu-Natal iholwa yila maqembu i-ANC ne-IFP. Sifuna ukubona ukuphikisana okuqinisa intando yeningi kuphela komasipala, hhayi ukuphikisana okugcina kuvimba ukulethwa kwezidingo zomphathi. Phela izindawo zasemakhaya njengalapha eMsinga sizibheke ngelokhozi ukuthi ziyayithola intuthuko njengokuyalelwa nguMongameli uMsholozi othe masiphume siye kubantu basemakhaya.

Ngakho-ke, sengiphetha ngithanda ukunxusa abaholi bale ndawo emazingeni wonke ukuthi bangakhohlwa ukuthi indawo yabo ike yakhiqiza abantu abanjengoNyambose. Indlela abangakhombisa ngayo lokho ngukuthi nabo bazinikele ekusebenzeleni impilo engcono kubantu bonke ngesikhathi sokuphila kwabo.

Egameni likaHulumeni wesifundazwe nenhlangano kaKhongolose, ngithanda ukudlulisa ukubonga emndenini wakwaMthethwa ngokusinika leli thuba lokuba yingxenye yalo mcimbi. Sithi sengathi umoya wokuthula owawugqugquzela ubaba uNyambose ungahlala nani njalo nibe wumndeni onokuthula njalo

**Ngiyabonga**